**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C, D noE.
- Phendula noma yimiphi imibuzo emibili. A no- B noma C no -D noma A no- E,njll.
- Imibuzo mayivele ezigabeni ezimbili ezahlukene.
- Umsebenzi omuhle nohlanzekile uyaziswa kakhulu.

ISIGABA A

Funda lezi zinkondlo ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Mayiphendulwe yonke imibuzo kulesi sigaba.

**UMBUZO 1**
**IZINKONDLO**

***Imvubelo* – A. M. Maphumulo**

**Inkondlo A**

**SIBONDA SIKAZULU**

Umfanekiso wakho ufanekisa isintu,
Usiba lwakho lusibikela izimfihlakalo.
Ngibona lolu phahlakazi olukugqolozele,
Ngishaywa uvalo ngezifiso ezingafezekanga,
Ngilahlekelwa yithemba ngentshisekelo yekusasa,
Ikusasa eliyizifiso zentokomalo kaZulu.

Lolu phahla lungilethela usizi nomunyu
Umunyu ongilethela uhlevane novalo.
Nginamahloni okukubheka,ngokwehluleka ngiyisehluleki,
Nginamahloni ngehlazo ohlezi kulo,
Izifiso zekusasa zihlanekezelekile zehluleka,
Izilokotho ngoZulu zehlulekile zehluka.

Seswele amandla mntakaNdaba ngasibonga,
Seswele imilomo mntakaSenzangakhona nga siyathopha,
Sibonga inkuthalo yobunye owayihlwanyela,

Sibonga ubuntu nobumbano owalwakhayo,
Uma kubalwa izizwe siyabalwa,
Inhlonipho yakho yasipha ukuhlonishwa.

1.1 Kungani imbongi iwasebenzise womabili la magama usizi nomunyu: (2)

1.2 Khipha ukuxhumana okuyinxemu okutholakala esigabeni sesibili. (2)

1.3 Ubani leli qhawe okukhulunywa ngalo enkondlweni? (1)

1.4 Shono izinto EZINTATHU leli qhawe elazenzela uZulu. (3)

1.5 Nikeza igama likayise waleli qhawe imbongi ekhuluma ngalo. (1)

1.6 Owakwabani isibongo sakhe? (1)

1.7 Khipha isifengqo esisesigabeni sokuqala bese usho ukuthi luhlobo luni lwesifengqo. (2)

1.8 Bhala amaphuzu abe MATHATHU usho ukuthi imbongi ikhuluma ngani kule nkondlo. (3)

1.9 Isho ukuthini imbongi uma ithi: **izilokotho ngoZulu zehlulekile**? (2)

1.10 Moya muni otholakala kule nkondlo? Usho ngani? (2)

1.11 Bhala umusho osesigabeni sokugcina okhombisa ukuthi uShaka wayehlonipha. (1)
**[20]**

**Inkondlo B**

**YEBO-KE KUFA**

Shwabadela ngqumusha yala nokupheza;
Tsavuza ezinabuzelayo neziqunununuzayo.
Gola uthi qungqu esiqungqwini esiyisisu sakho.
Zinzisa izidladla zakh' ubuhlungu ngonothanda
Thana dwi izindwangu zenhliziyo,
Thana qu-u ameva omzimba wakho.
Nempela akulethe hlevane lwavalo lokho,
Kukade mbhem' uyigqekez' imiphefumulo yoNtu.

Izandla zakho zigxaza igazi,
Zibomvu zifakaza imisebenzi yakho,
Okungeyosizi nobumnyama ngempela
Ogxishe abafelwa nabafelokazi kuyona.
Ogcweleza amagugu nezinhlanhla zabo;
Ukulila kulokhu kwadla umunyu,
Izinyembezi ziyinsakavukela,
Imbangela njalo kunguwena kufa.

Empilweni yami eMhlabeni,
Ngibonile izelelesi nezinswelaboya,
Eziphilela ukubhubhisa impilo.
Kepha zinalo uzwelo oluncane,
Zimhlonipha unina ozizalayo.
Kepha wena kawunjalo neze,
Udla fumuka ufune naleso silaza.

Koze kube nini siqhwaga sansondo,
Ucekela phansi izidalwa ezibunjiwe zoMdali?
Ushaya indiva ukukhala kwamaswane,
Agulayo, kanti ahehwa nguwena!
Uwaqhwebela ukub' azohlala nawe,
Ehlukane namagugu ez' nhliziyo, onina.

1.12 Bhala izibonelo zalokhu okulandelayo:

1.12.1 Ukuxhumana siqalo esigabeni sokuqala.
1.12.2 Imvumelwano siqalo esigabeni sesibili.
1.12.3 Imvumelwano sigcino esigabeni sokuqala. (6)

1.13 Yini eyenza izandla zokufa zibe bomvu? (2)

1.14 Khetha impendulo efanele:

1.14.1 Ukushwabadela kusho ukudla:
A. ngokushesha.
B. kancane.
C. ngokuziqhenya. (2)

1.14.2 Uma izandla zigxaza zisuke:
A. zomile.
B. zivuza.
C. zishwabene. (2)

1.15 Bhala isenzasamuntu esitholakala esigabeni sesibili. (2)

1.16 Ngokuzwa kwakho inkondlo izinswelaboya zihlonipha obani? (1)

1.17 Isaga esithi "**udla fumuka ufune naleso silaza", sisho ukuthini**? (2)

1.18 Isho ukuthini imbongi uma ithi ukufa **kushaya indiva ukukhala kwamaswane**? (2)

1.19 Ukwenzani ukuheha? (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

**NOMA**

ISIGABA B

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Mayiphendulwe yonke imibuzo kulesi sigaba.

**UMBUZO 2**
**UMDLALO**

***Ngiwafunge AmaBomvu* – L. Molefe**

**Isiqeshana A**

| | |
|---|---|
| Khonzeni: | Ningumuntu oyedwa nina Thulisile ninoThulile, kanti uthi yini ebangele ukuthi inkosi inithathe nobabili? |
| Thulisile: | Uma kunjalo phela ngabe sithanda uZaba sobabili. |
| Khonzeni: | Kahle ngamatshe Thulisile. Kahle dadewethu. Kodwa ngizokwenzenjani Nkosi yami? Yini le engivelelayo? |
| Thulisile: | Mina Khonzeni noma ngabe uMgidi yindodana kaNomkhubulwane… |
| Khonzeni: | Kahle ukubiza inkosi ngegama Thulisile! Ungenwe yini kodwa. Izinhloli zenkosi ucabanga ukuthi zihlola emaweni kanye nasemahlathini kuphela yini? Awazi ukuthi inkosi iyakubona kule nto oyenzayo ngamehlo azo? |
| Thulisile: | Yima Khonzeni, angiqhaqhazeli ngale nto engikutshela yona. UMgidi ngithi ukuba ube yindodana kaNomkhubulwane uZaba engumuntukazana, njengoba engumuntukazana njena, nguyena uMgidi obezoba ngumuntukazana kimi, uZaba abe yindodana kaNomkhubulwane. Futhi vele nje kimi uZaba uyindodana kaNomkhubulwane. Yini yona u…<br><br>*(Amvale umlomo uKhonzeni uThulisile.)* |
| Khonzeni: | Thulisile, thula okungcono. Thula! |
| Thulisile: | (*Edlubulundela*.) Ngiyeke Khonzeni. Ngizofa ngedwa uma ngabe izothinta impilo yami le nto engiyishoyo. |
| Khonzeni: | Sizofa sobabili Thulisile. |
| Thulisile: | Bese uthi uyangithanda-ke umuntu ozongibulala uma ngiveza amaqiniso angaphakathi enhliziyweni yami? |

2.1 Maqiniso mani lawo avezwa uThulisile? (2)

2.2 Bhala kube kuTHATHU okwenziwa uThulisile okukhombisa ukuthi akayithandi inkosi. (6)

2.3 Ubani yona le nkosi? Bhala igama layo kanye nesibongo. (2)

2.4 Khetha igama elinembayo kubakaki:

2.4.1 Ukuthi kuthanda ukuba ngumqansa kusho ukuthi (kunzima, kulula kumnandi).
2.4.2 Inyanga yenkosi (uMsanka, uMajola, uMzwezwe).
2.4.3 Impelesi kaThulisile (uNokufika, uKhonzeni, uThulile). (6)

2.5 UKhonzeni ubonakala esethanda inkosi. Kwenziwa yini lokho? (2)

2.6 Yini eyenza ukuthi inkosi igcine isiyakhele uZaba indlu esigodlweni? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | |
|---|---|
| MaGubeshe: | Ukuhlangana nezimbila zithutha ziholwa ngemhlophe phambili lokhu baba. (*Kungene isithunywa senkosi lesi ebesiboshelwe exhibeni. Singene ngolaka olubi.*) |
| Isithunywa: | Nduna, ngiya enkosini, ngiyonifaka icala. |
| Msanka: | Kahle muntu wenkosi, kahle… |
| Isithunywa : | Yima nduna, yizwa kahle ukuthi ngithini ukuze uthi uphuma lapha ube wazi ukuthi kuyokwenzekani ngawe. |
| MaGubeshe: | Webakithi, zabukhipha zibuthela-ke manje. Kanti sehlelwa yini? Sazalelwa yinja endlini! |
| Msanka: | Ake ulalele sithunywa senkosi… |
| Isithunywa: | Ayikho into engizoyilalela. Ngilalele ungitshela ukuthi mangixole…? Ngixoleleni? |
| MaGubeshe: | Hha! Sivelelwe ngempela-ke namuhla! |
| Msanka: | Yima wakithi, lalela, le nto yisinyathelo sokuqala sami sokuyilungisa. Ukuba angifikanga ngabe kukonakalele wena. Ungenza kanjani ukuthi uyomangalela mina manje futhi? |
| Isithunywa: | Ngiyomangalela umfana wakho. Ngiyomangalela wena yini kanti mina? Angithi nduna awufuni ukunginika ithuba ngikuchazele. |
| MaGubeshe: | Kahle mntanami. |
| Isithunywa: | Wena-ke mama uwena ufakazi wami omuhle oqanda ikhanda. Uzoba ngufakazi ozibonele ngamehlo ingane yenu i…! |
| Msanka: | Kahle ndodana. Kahle. Yima. |
| Isithunywa: | Cha, ngifuna ukuyonidla isibaya lesi sonke. Uma nithi anginiyeke nibona ukuthi inkosi izothi bengilibelephi sonke lesi sikhathi. Izothi bengilibele wubukhwebezane ngiwunwabu yini? |

2.7 Isithunywa sithi siyomangalela uMsanka. Wenzeni? Chaza ngamaphuzu AMANE. (4)

2.8 UMsanka uyasincenga uthi singammangaleli. Wesabani? (2)

2.9 Sisho ukuthini isithunywa uma sithi sifuna ukubadla isibaya sonke? (2)

2.10 Ubani uMaGubeshe? (1)

2.11 Sasizokwenzani isithunywa emzini kaMsanka? (2)

2.12 Yini eyakhombisa ukuthi ingane kaThulisile akusiyona eyasebukhosini? (2)

2.13 Ubani igama lewele likaThulisile? (1)

2.14 Wasenzani isithunywa uZaba. (1)

2.15 Xoxa ngezinto ezazenziwa uZaba ezikhombisa ukuthi umthanda ngokweqiniso uThulisile. Nika amaphuzu abe MAHLANU. (5)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

**NOMA**

ISIGABA C

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Mayiphendulwe yonke imibuzo kulesi sigaba.

**UMBUZO 3**
**INOVELI**

***Isigcawu Senkantolo* – M. M. Masondo**

**Isiqeshana A**

"Ngiyashweleza Mbomvu uma ungizwe kabi. Shwele, shwele Mbomvu," kuxolisa uKubheka esebona ukuthi sengathi ulimi lwakhe lusuke lwaphaphalaza. Aphendule uNgubane ngokuzenzisa, "Kanti-ke ungakhululeka Khathide. Awonanga lutho neze. Laba bantu abafuna imvalamlomo ngesilungu sibabiza ngokuthi ama-'blackmailers'. Njengoba bese ngishilo abeneli. Zine kuphela izindlela zokuphunyuka kubo: Eyokuqala ukuthi umane uzimisele ukwenza konke okudingwa i-'blackmailer',kodwa leyo ndlela inzima kakhulu. Eyesibili ukuthi uvele uyibophise maqedane ulindele yona ukuthi yenzenjani."

Anikine ikhanda uKubheka uma ezwa leyo ndlela. Aqhubeke uNgubane kanje: "Eyesithathu ukuthi nawe uzame ukuyibamba lapho incane ngakhona ukuze ungezwa konke ngayo. Nayo kufanele izwe ngawe kwesinye isikhathi."

"Yini indlela yesine Mbomvu?" Kubuza uKubheka.

"Leyo ngingeke ngayitusa kangako ngoba iyingozi, kodwa kwezinye izikhathi iba nemiphumela emihle. Leyo ndlela-ke Khathide ukuthi uvele uyibulale i-'blackmailer'," kuchaza uNgubane ethi ukumamatheka.

"Ngizwile ngingetshe Mbomvu," kusho uKubheka maqede okhele ugwayi.

3.1 Bhala igama nesibongo salowo oshwelezayo. (2)

| | | |
|---|---|---|
| 3.2 | Sithini isithakazelo sakwaNgubane? | (1) |
| 3.3 | Ngokusho kukaNgubane zindlela zini ongaphunyuka ngazo kuma-blackmailers? Bhala zibe ZINE. | (4) |
| 3.4 | Ufune malini uNgubane njengoba ezosiza uKubheka nje? | (1) |
| 3.5 | Obani laba abangama-blackmailers? Bhala amagama abo nezibongo zabo. | (4) |
| 3.6 | Ayefune malini ama-blackmailers kuDuduzile? | (2) |
| 3.7 | Cala lini elalithweswe uZethu? | (2) |
| 3.8 | Ngenjani indawo ebizwa ngokuthi yimoshali? | (2) |
| 3.9 | Chaza igama elithi imvalamlomo ukuthi lisho ukuthini, bhekisa kuyo le ncwadi. | (2)<br>**[20]** |

**Isiqeshana B**

> Athule kancane uNgubane. Umsindo wabe usuthe mpu lapha enkantolo kuzwakala amazwi aphikisa uNgubane kanti amanye avumelana naye. Wathuliswa umsindo enkantolo wase eqhubeka uNgubane ethi. "Ngineqiniso lokuthi omunye uthe angezwa okuchazwe ngummangalelwa izolo, wanikela khona edamini. Ufike wakhipha le mali eyizinkulungwane ezintathu washiya encane. Akagcinanga lapho, ubeseshiya nalesi sibhamu ukuze icala limfanele ummangalelwa. Angingabazi ukuthi lowo owenze lokho nguyena mbulali. Lowo muntu futhi nguyena owayebambisene nomufi kubo bonke lobu bugebengu. Isikebhe satholakala sinentanjana. Leyo ntambo yiyona eyasetshenziswa uma kuboshwa uMhlobo".

| | | |
|---|---|---|
| 3.10 | Le nkulumo engenhla ikhulunywa kuyiphi indawo? | (1) |
| 3.11 | Kuzwakala amazwi ancomayo naphikisayo. Kungabe abhekiswe kubani la mazwi? Bhala igama nesibongo. | (2) |
| 3.12 | Ngubani othe angezwa obekuchazwa ummangalelwa waya edamini? Waya kuliphi idamu? | (2) |
| 3.13 | Ngubani ummangalelwa okukhulunywa ngaye kulesi siqephu? Bhala igama nesibongo. | (2) |
| 3.14 | Chaza kafushane ngemali okukhulunywa ngayo nangezinombolo zayo. | (4) |
| 3.15 | Ngubani lo mufi okukhulunywa ngaye lapha esiqeshini? Wabulawa ubani? | (2) |
| 3.16 | Chaza ngobugebengu obenziwa ngama-blackmailers. Bhala amaphuzu abe MATHATHU. | (3) |
| 3.17 | Wayezoshada nobani uDuduzile? | (1) |

3.18 Bhala igama lejele lapho kwakuboshelwe khona uKubheka. (1)

3.19 Nikeza izizathu EZIMBILI uMagwegwe azinikeza iNkosi yenkantolo ecela ukuthi imzwele ngesenzo sakhe. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

**NOMA**

ISIGABA D

Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

**UMBUZO 4**
**UBUCIKO BOMLOMO**

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C.T. Msimang**

4.1 Qondanisa incazelo kukholomu A nalokho ekuchazayo kukholomu B.

| KHOLOMU A | KHOLOMU B |
| --- | --- |
| 4.1.1 Isosha esishiwo abantwana uma bedlala. | A. Inganeko. |
| 4.1.2 Inkondlo yokutusa. | B. Ubuciko bomlomo. |
| 4.1.3 Inganekwane exoxa ngokudabuka kwezinto noNkulunkulu. | C. Isithakazelo. |
| 4.1.4 Inkulumo eyedluliselwa ezizukulwaneni ngomlomo. | D. Izilandelo. |
| 4.1.5 Sifana nesibongo siyigama lokhokho othile kulowo mndeni. | E. Umzekeliso. |
| 4.1.6 Inganekwane ethinta umlando kanye nokunye okungakholeki. | F. Izibongo. |

(6)

4.2 Uthini umxoxi wenganekwane uma eqeda ukuyixoxa inganekwane yakhe? (2)

4.3 Yini umsebenzi womlolozelo? Nikeza kube kubili. (2)

4.4 Nikeza isibonelo ESISODWA sensumansumane bese unikeza nesizathu ESISODWA usho ukuthi yingani uthi yinsumansumane. (2)

4.5 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi

> Inkosikazi Esenyangeni
>
> Kwesukesukela inkosikazi. Le nkosikazi yabe ilikholwa elinguMkhrestu. Yabe inomntwana oyedwa osemncane. Nakho-ke sekwenzeka lusuku lumbe ithole ukuthi ayizithezanga izinkuni ngoMgqibelo. Pho manje ngoba yiSonto nje izokwenzenjani? Iwazi kahle umyalelo wesine othi: "Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele. Ungasebenzi ngalo nakanye ..." Ibone nje ukuthi cha, izalelwe yinja endlini phela uma kunje. Iyakhala ngapha ingane. Ifuna idokwe layo.
> Isiqunge isibindi inkosikazi. Ithathe umntwana imuthi khwaxe emhlane. Ithathe isibopho iqonde ehlathini. Nempela ifike itheze. Kanti liyayibona iso laphezulu elingafihlelwe lutho. UNkulunkulu anqume ukuthi nakanjani kumele ayijezise le nkosikazi ngokwephula kwayo umthetho wesine emithethweni eyishumi. Nempela ayithathe nomnyaba wayo wezinkuni kanye nomntwana emhlane. Aye ayoyithi phahle ebusweni benyanga. Nempela ifike .inamathele lapho.
> Ngisho nanamuhla lokhu, uma inyanga idilingene, uyoyibona inkosikazi ibelethe umntanayo, ithwele inyanda yezinkuni ekhanda, isize yaba yithunzi ebusweni benyanga.

4.5.1 Yini eyenza ukuthi inkosikazi ihambe iyokutheza ngesonto? (1)
4.5.2 Yajeziswa kanjani ngalesi senzo sayo? (2)
4.5.3 Umthetho wesingaki lo oweqiwa yile nkosikazi? (1)
4.5.4 Ukuzalelwa yinja endlini kusho ukuthini? (2)
4.5.5 Nikeza amagama abe maBILI abalingiswa abatholakala kule nganekwane. (2)
**[20]**

4.6 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

> Kwaze kwahlwa isendleleni. Kodwa kwasheshe kwakhanya ngoba inyanga yayidilingene, kunonyezi. Kuthe lapho iwela umfula, yabona umfanekiso wenyanga emanzini. Yawubuka, yawubuka,yawubuka impisi, yacabanga ukuthi yisigaxa senyama. "Hhawu, bantabakababa! Nansi-ke inyama ebengiyifuna. Nebala sengiyolala ngidlile." Yasho iziduduza, ilahla ithambo emanzini, igxavula inyanga. Nanso phela inkanankana. Impisi igxavule ubala, ibuye ilambatha. Ithi iyabhekisisa ukuthi ngabe isidikadika esingakaya senyama sesishonephi, kutholakale ukuthi amanzi asedungekile, ingabe isabona kahle. Pho lokhu seyiconsa amathe ingabe isahamba yini! Ihlale aze acwebe amanzi. Nebala, isibone futhi isigaxa senyama- kanti empeleni ibona umfanekiso wenyanga. "Gxavu," kuphinde umansumpa. Ibuye ilambatha futhi. Sidungeke isiziba.

4.6.1 Sithini isihloko sale nganekwane? (2)
4.6.2 Yasuswa yini impisi ukuthi iyozingela? (1)
4.6.3 Yathola kudla kuni ekuzingeleni kwayo? (1)
4.6.4 Chaza la mabinzana alandelayo usho ukuthi asho ukuthini njengoba esetshenzisiwe esiqeshini:

a) seyiconsa amathe.
b) ibuye ilambatha. (4)

4.6.5 Shono ukuthi luhlobo luni lwenganekwane lolu. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (5)
4.6.6 Sifundo sini osithola ngesenzo sempisi sokulahla ithambo? (3)
4.6.7 Bhala imisebenzi EMITHATHU yezinganekwane. (3)
4.6.8 Umxoxi wenganekwane uthini uma eqala inganekwane? (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

**NOMA**

ISIGABA E

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Mayiphendulwe yonke imibuzo kulesi sigaba.

**UMBUZO 5**
**IZINDABA EZIMFUSHANE**

***Umlabalaba* – O. E. H Nxumalo**

**Isiqeshana A**

> "Nguwe lowo Mphemba?"
> "Yebo Khumbulani, yimi. Ngiphuthume mfana, kuhambe kanjani?"
> "Ngikususile lokho Mphemba. Konke kuhambe ngosiko ngoba ngikwazile ukushutheka isiqophamazwi esikhwameni sikaXolani.
> Kumshele-ke. Sase simgaxa ithaya. Ushe wangqongqa!
> "Wenze umsebenzi omkhulu-ke Khumbulani. Sesizosebenza ngenkululeko-ke manje. Kayisezukuba yingozi manje le nhlangano uma esefile uXolani. Phela nguye kuphela obenomqondo ohluzekile."
> "Uqinisile Mphemba. Sekulula konke manje…"

5.1 Wajeziswa kanjani uXolani ngobumpimpi bakhe? Chaza ngokunikeza amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.2 Ingabe uXolani wayeyimpimpi ngempela? Uthini wena? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

5.3 Ubani lo Mphemba okhuluma noKhumbulani? (1)

5.4 Phendula ngo-YEBO noma ngo-CHA bese wesekela impendulo yakho.

5.4.1 UXolani wazokhela yena ngomlilo.
5.4.2 USokhele wafaka isiqophamazwi esikhwameni sikaXolani. (4)

5.5 Ngokwesiqephu kusho ukuthini ukuthi uXolani ubenomqondo ohluzekile? (2)

5.6 Sifundo sini ositholayo kule ndaba? (3)

5.7 Ake uveze owakho umbono ngokuqoqeka kwesikhathi ubhekise kuyo le ndaba. (3)

5.8 AbakwaMphemba (oVilakazi, oNtuli) Khetha impendulo eshaya emhlolweni. (1)
**[20]**

**Isiqeshana B**

> Kube wukungena nje endlini yokuphumula,akhangwe yilo ikhehla ligobodisile. Liguqile. Iqine inkungu kuMaMdunge. Alibukisise ikhehla. Liyakhala. Esifubeni salo linkonkoshele isithombe esikhulu sasodongeni. Yisithombe sikaDaluxolo ayesithathe eseyibhungu. Ulokhu ephindaphinda amazwi ambalwa: "Ngitshele ndodana. Kodwa ubuwenzeni kangaka? Usungaze ubulawe kabuhlungu kangaka pho? Ngitshele Ntshangase. Ngitshele…" Kube wumkhonto lokhu kuMaMdunge. Ezwe esefikelwa wumunyu wokulidabukela ikhehla. Ahlehle. Aphume. Athi ukuma ephasijini. Agqolozele phansi. Anikine ikhanda. Abuye ahambe. Aqonde ekamelweni. Afike aziphonse embhedeni.

5.9 Lalikhaliswa yini ikhehla kangaka? (2)

5.10 Wabuyiswa yini uDaluxolo ngenkathi eseyogibela indiza? (2)

5.11 Owakwabani unkosikazi kaDaluxolo? (1)

5.12 Ukwenzani ukunkonkoshela? Phendula ubhekise endabeni. (2)

5.13 Bhala ihlaya uDaluxolo ashiya ehlekise ngalo umkakhe ngesikhathi esezohamba. (2)

5.14 Ubani ohlushwa unembeza kule ndaba? Unembeza wani? (3)

5.15 Ubani umlingiswa osemqoka kule ndaba? Usho ngani? (2)

5.16 Xoxa ngengwijikhwebu esesiphethweni sale ndaba.Nikeza amaphuzu abe MATHATHU. (3)

5.17 Ubani ishende likaMaMdunge? (1)

5.18 Ukwenzanui ukudondolozela? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**